IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

Indodana Yolahleko



Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kwabonakala ngu: Alastair Paterson; Lazarus
Ifanekiswe ngu: Ruth Klassen; Sarah S.
Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala
Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

BFC
PO Box 3
Winnipeg, MB R3C 2G1
Canada

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

UJesu wayekhonzile ukutshela abantu ngentethelelo kaNkulunkulu. Kodwa abahholi bamaJuda babekhononda ngobungani Bakhe nezoni. Kepha uJesu waxoxa izindaba ezintathu ezikhombisa ukuba uNkulunkulu wayethokoza uma izoni zizisola ngezono zazo.

Indaba yokuqala yayingomelusi owayenezimvu eziyikhulu.

Kwalahleka imvu eyodwa.

3

Ngaphandle kokumosha isikhathi,

umelusi washiya izimvu eziyamashumi ayisishiyagalolunye nanye okuyofuna le eyodwa elahlekile.



4



Umelusi wafuna wafuna waze wayithola imvu elahlekile. Wayibeka emhlane wayisa ekhaya ngokukhulu ukujabula. Wathi kubangani bakhe,

"Masijabuleni, ngoba ngiyitholile imvu ekade ilahlekile!"

5

UJesu wachaza ukuthi kukhona ukujabula okukhulu ezulwini uma isoni esisodwa siguquka. Ukuguquka kuchaza ukuthi siyazisola ngezono zethu – Sizisola okwanele ukuba sisishiye isono!



6



Indaba elandelayo kaJesu yayingenkosazane eyayinenhlamvu zesiliva eziyishumi, mhlampe imali eyayiqongelela mihla namalanga. Kwenzeka into embi kakhulu. Kwalahleka inhlamvu yesiliva eyodwa.

7

Shaneliyane! Shaneliyane! Shaneliyane! Inkosazane yabheka yonke indawo.

8

Ekugcineni wayithola inhlamvu ekade ilahlekile. Yajabula kakhulu inkosazane. Ungaqagela ukuthi yenzenjani? Yebo, Yatshela abangani bayo!



9

Waphinda uJesu wathi, "Kunokuthokoza okukhulu ebusweni bezingilosi zikaNkulunkulu uma kuguquka isoni esisodwa."

10

Indaba yesithathu kwaba edabukisa kunazozonke. Yayimayelana nomfana owashiya ikhaya likababa wakhe.



11

Ezweni elikude umfana wachitha imali yakhe budedengu. Kaze manje uzakwenze njani? Izinto zashuba, kwafika indlala. Umfana wayengabulawa ngisho nayindlala.



12

Esebulawa indlala, umfana wathola umsebenzi wokuphakela izingulube. Kodwa akekho owaphakela yena. Wayengakuthokozela nokudla ukudla kwenzingulube. Mhlampe wakudla! Ekugcineni, wabuyelwa umqondo. "Ekhaya, ngisho nezisebenzi zidla kangcono," esho ecabanga.



13

"Ngizoya ekhaya ngitshele ubaba ukuba ngiyazisola ngezono zami. Angifanelwe nokuba indodana yakhe. Ngethemba ukuba uzangamukela njengesisebenzi sakhe."



14

Wathi umfana esakude, ubaba wakhe wamubona eqhamuka kude. Ngentokozo, ubaba wagijima ukuyohlangabeza indodana yakhe. Wayiqabula, futhi wayigodla.

15



"Baba, ngonile. Angifanelwe nokuba indodana yakho." Umfana wancenga ubaba wakhe ukuba amamukele njengesisebenzi. Kodwa ubaba wamuphazamisa. "Lethani isembatho esihle kunazozonke, izimbhadada, kanye nendandatho kwindodana yami. Lungisani umcimbi omkhulu."

16

Kwaba khona umcimbi omuhle ngoba indodana ekade ilahlekile yayisitholakele. UJesu wayexoxa lendaba ngoba yayitshengisa ukuthi uNkulunkulu uthanda kakhulu ukwamukela izoni eziguqukayo zize kuyena.

17

Indodana Yolahleko

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Luka 15

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

18

Yaphela

45 60

19

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu: Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16

20